REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SOUTH AFRICAN LANGUAGE PRACTITIONERS' COUNCIL ACT

IRIPHABHULIKI YASENINGIZIMU AFRIKA

UMTHETHO WOMKHYANDLU WABASEBENZI ABASEBENZA NGOLIMI ENINGIZIMU AFRIKA

No 8, 2014

ACT

To provide for the establishment of the South African Language Practitioners' Council; to provide for the objects, powers, duties and functions of the Council; to determine the manner in which the Council is to be managed, governed, staffed and financed; to regulate the training of language practitioners; to provide for control of the accreditation and registration of language practitioners; and to provide for matters connected therewith.

BE IT ENACTED by the Parliament of the Republic of South Africa, as follows:—

ARRANGEMENT OF SECTIONS

Sections

CHAPTER 1

DEFINITIONS AND APPLICATION

1. Definitions
2. Application of Act

CHAPTER 2

SOUTH AFRICAN LANGUAGE PRACTITIONERS' COUNCIL

3. Establishment of South African Language Practitioners' Council
4. Objects of Council
5. Functions of Council

CHAPTER 3

BOARD OF COUNCIL

6. Composition and dissolution of Board
7. Disqualification from membership of Board
8. Declaration of financial or other interests of members
9. Term of office and re-appointment of members
10. Vacancies, suspension, removal and resignation from office of members
11. Meetings and procedures at meetings of Board
12. Recusal of member from meetings and proceedings of Board
13. Remuneration of members
14. Establishment of committees to assist Board
15. Co-opting of persons to, or committees of, Board

UMTHETHO

Uhlinzekela ngokusungula uMkhandlu wabaSebenzi abasebenza ngolimi eNingizimu Afrika; ukuhlinzekela ngenjongo, amandla, izibophezelo nemisebenzi yoMkhandlu; ukunquma indlela uMkhandlu ozophathwa, ungamelwe, uqashe futhi uthole ngayo imali; ukulawula ukuqeqeshwa kwabasebenzi abasebenza ngolimi; ukuhlinzekela ngokulawula ukugunyaza nokubhalisa abasebenzi abasebenza ngolimi; kanye nokuhlinzekela ngezindaba ezihambisana nawo.

NGAKHO-KE UZOMISWA iPhalamende laseRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, ngale ndlela elandelayo:—

UKUHLELWA KWEZIGABA

Izigaba

ISAHLUKO 1

IZINCAZELO NOKUSEBENZA KOMTHETHO

1. Izincazelo nokusebenza koMthetho
2. Ukusebenza koMthetho

ISAHLUKO 2

UMKHANDLU WABASEBENZI ABASEBENZA NGOLIMI ENINGIZIMU AFRIKA

3. Ukusungulwa koMkhandlu wabaSebenzi abaSebenza ngoLimi eNingizimu Afrika nokusebenza koMthetho
4. Izinjongo zoMkhandlu
5. Imisebenzi yoMkhandlu

ISAHLUKO 3

IBHODI YOMKHANDLU

6. Ukwakheka kweBhodi
7. Abangafanele ukuba amalungu eBhodi
8. Ukudalula imali noma enye inzuzo yamalungu
9. Isikhathi sokusebenza nokuqokwa kabusha kwamalungu
10. Izikhala zomsebenzi, ukumiswa, ukususwa nokusula esikhundleni kwamalungu
11. Imihlangano nenqubo yemihlangano yeBhodi
12. Ukuhoxa ukuthamela imihlangano nokuqhutshwa iBhodi
13. Iholo lamalungu
14. Ukusungulwa kwamakomidi eBhodi
15. Ukuqoka amalungu ekomidi noma eBhodi

CHAPTER 4

CHIEF EXECUTIVE OFFICER AND STAFF OF COUNCIL

16. Appointment of chief executive officer
17. Functions of chief executive officer
18. Resignation and removal from office of chief executive officer
19. Staff of Council

CHAPTER 5

CODE OF CONDUCT FOR LANGUAGE PRACTITIONERS AND POLICY DIRECTIVES

20. Code of conduct for language practitioners

CHAPTER 6

ACCREDITATION BY COUNCIL

21. Application for accreditation
22. Accreditation certificates

CHAPTER 7

FUNDING AND FINANCIAL MANAGEMENT OF COUNCIL

23. Funds of Council
24. Financial management
25. Audit and annual report

CHAPTER 8

KEEPING OF REGISTERS, REMOVAL AND RESTORATION TO REGISTER AND ANCILLARY MATTERS

26. Keeping of registers
27. Removal of name from, and restoration to, register
28. Effect of suspension or removal from register
29. Right to appeal
30. Custody and publication of registers
31. Register as proof
32. Issue of duplicate registration certificate, certificate of status, extract from register or certificate by registrar
33. Qualifications and experience prescribed for registration
34. Levying of annual fees on accredited and registered persons

CHAPTER 9

GENERAL PROVISIONS

35. Security of confidential information held by Council
36. Dissolution of Council
37. Use of name of Council
38. Delegations
39. Offences
40. Penalties
41. Regulations
42. Transitional provisions
43. Short title and commencement

ISAHLUKO 4

UMPHATHI OMKHULU NABASEBENZI BOMKHANDLU

16. Ukuqoka umphathi omkhulu
17. Imisebenzi yomphathi omkhulu
18. Ukusula nokukhishwa esikhundleni komphathi omkhulu
19. Abasebenzi boMkhandlu

ISAHLUKO 5

INQUBO YOKUZIPHATHA KWABASEBENZI ABASEBENZA NGOLIMI NEMIYALELO YENQUBOMGOMO

20. Inqubo yokuziphatha kwabasebenzi abasebenza ngolimi

ISAHLUKO 6

UKUGUNYAZWA UMKHANDLU

21. Izicelo zokugunyazwa
22. Isitifiketi sokugunyazwa

ISAHLUKO 7

IMALI NOKUPHATHWA LWEZIMALI ZOMKHANDLU

23. Imali yoMkhandlu
24. Ukuphathwa kwezimali
25. Ukucwaningwa kwamabhuku nombiko wonyaka

ISAHLUKO 8

UKUGCINA IREJISTA, UKUSUSA NOKUGCINA IREGISTA NEZINDABA EZIHAMBISANA NAYO

26. Ukugcina amarejista
27. Ukususa igama nokuligcina kurejista
28. Umthelela wokumiswa noma wokususwa kurejista
29. Ilungelo lokufaka isicelo sokubuyekeza
30. Ukugcinwa nokushicilelwa kwamarejista
31. Ubufakazi beregista
32. Ukukhishwa kwesinye isitifiketi, izinga lesitifiketi, ikhophi unobhala ayithathela kurejista noma esitifiketini
33. Iziqu nolwazi lomsebenzi okunqunyiwe ukuba kubhaliswe
34. Ukuthweswa kwezindleko zonyaka uma kugunyazwa futhi kubhaliswa abantu

ISAHLUKO 9

IMIBANDELA EJWAYELEKILE

35. Ukuvikeleka kwemininingwane eyimfihlo egcinwe uMkhandlu
36. Ukuchithwa koMkhandlu
37. Ukusebenzisa igama loMkhandlu
38. Ukudlulisa amandla
39. Amacala
40. Izigwebo
41. Izimiso zomthetho
42. Imibandela yesikhashana
43. Isihloko esifingqiwe nokuqala ukusebenza koMthetho

CHAPTER 1

DEFINITIONS AND APPLICATION

Definitions

1. In this Act, unless the context otherwise indicates—

"accreditation" means the certification, usually for a particular period of time, in respect of individuals, as having the capacity to fulfill a language function as prescribed in the quality assurance system set up by the South African Language Practitioners' Council in terms of this Act;

"Board" means the Board of the Council appointed in terms of section 6;

"chief executive officer" means the chief executive officer appointed in terms of section 16;

"Council" means the South African Language Practitioners' Council established in terms of section 3;

"Council for Higher Education" means the independent statutory body responsible for advising the Minister on all higher education policy issues, and for quality assurance;

"Department" means the Department in the National Government responsible for language matters;

"interpreter" means a person who transposes an utterance from a source language to a target language in spoken or signed form;

"interpreting" means the act of transposing an utterance from a source language to a target language in spoken or signed form;

"language practitioner" means a paid occupation which involves the work that is done by language practitioners including, but not limited to translators, interpreters, language planners, terminologists, lexicographers, text editors and any other person conducting language related work, registered as such under this Act;

"language profession" means work related to such fields as language editing, translation, terminology, lexicography, or any other work related to language;

"lexicographer" means a person who engages in the practice of compiling dictionaries;

"lexicography" means the practice of compiling dictionaries;

"member" means a member of the Board of the Council;

"Minister" means the Minister responsible for language matters;

"Parliament" means the National Assembly and the National Council of Provinces referred to in section 42 of the Constitution of the Republic of South Africa, 1996;

"prescribe" means prescribe by regulation under this Act and;

"prescribed" has a corresponding meaning;

"Public Finance Management Act" means the Public Finance Management Act, 1999 (Act No. 1 of 1999);

"qualification" means a duly accredited degree, diploma or certificate awarded after examination by a registered training institution to a person's proficiency in a particular subject;

"**register"**, when used as a noun, means a register kept in accordance with the provisions of this Act, and when used in relation to any class or a member of any class of persons in respect of which a register is kept, means the register kept for that class;

"registrar" means the person responsible for registration of language practitioners and appointed by the chief executive officer in terms of section 19;

"registration" means the act of registering, after compliance with the accreditation process prescribed by the Council;

"regulation" means any regulation made under this Act;

"rule" means any rule made under this Act;

"South African Qualifications Authority" means the South African Qualifications Authority contemplated in Chapter 4 of the National Qualifications Framework Act, 2008 (Act No. 67 of 2008);

ISAHLUKO 1

IZINCAZELO

Izincazelo

1. Kulo Mthetho, ngaphandle uma ingqikithi ibeka ngenye indlela—

"ukugunyaza" kuchaza ukukhishwa kwesitifiketi, ngokujwayelekile esikhishelwa isikhathi esithile, kubantu, abanolwazi lokusebenza ngolimi njengoba kunqunyiwe ohlelweni oluqikelela amazinga olusungulwe uMkhandlu waba-Sebenzi abaSebenza ngoLimi eNingizimu Afrika ngokwemigomo yalo Mthetho;

"iBhodi" lichaza iBhodi loMkhandlu eliqokwe ngokwemigomo yesigaba sesi-5;

"umphathi omkhulu" uchaza umphathi omkhulu oqokwe ngokwemigomo yesigaba se-15;

"uMkhandlu" uchaza uMkhandlu wabaSebenzi abaSebenza ngoLimi eNingizimu Afrika ngokwemigomo yesigaba sesi-2;

"uMkhandlu wezeMfundo Ephakeme" uchaza igatsha lomthetho elizimele elibhekele ukululeka uNgqongqoshe ngazo zonke izindaba zenqubomgomo yemfundo ephakeme;

"uMnyango" uchaza uMnyango kuHulumeni kaZwelonke obhekele izindaba zolimi;

"utolika" uchaza umuntu oguqula okuphinyisiwe kusukela kolunye ulimi kuya kolunye ulimi noma kokusayindiwe;

"ukutolika" kuchaza isenzo sokuguqula okuphinyisiwe kusukela kolunye ulimi kuya kolunye ulimi noma kokusayindiwe;

"umsebenzi osebenza ngolimi" uchaza umsebenzi okhokhelwayo ophathelene nomsebenzi owenziwa umsebenzi osebenza ngolimi kubandakanya, abahumushi, otolika, abahleli bolimi, abaqambi bamagama, ababhali bezichazamazwi, abahleli bemibhalo nabanye abantu abenza umsebenzi ohambisana nolwimi, abakubhalisele lokho ngaphansi kwalo Mthetho;

"umsebenzi ofundelwe wezilimi" uchaza umsebenzi ohambisana nomkhakha wokuhlela ulimi, ukuhumusha, ukutolika, ukuqamba amagama, ukubhala izichazamazwi, noma nomunye umsebenzi ohambisana nolimi;

"umbhali wezichazamazwi" uchaza umuntu obhala izichazamazwi;

"ukubhala izichazamazwi" kuchaza ukubhala izichazamazwi;

"ilungu" lichaza ilungu leBhodi loMkhandlu;

"iPhalamende" lichaza isiGungu sikaZwelonke noMkhandlu kaZwelonke weziFundazwe ovezwe esigabeni sama-42 soMthethosisekelo waseRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, we-1996;

"uNgqongqoshe" uchaza uNgqongqoshe obhekele izindaba zolimi;

"ukunquma" kuchazwa okunqunywe ngezimiso zomthetho ngaphansi kwalo Mthetho futhi;

"okunyunyiwe" kunencazelo efanayo neyokunquma;

"i-*Public Finance Management Act*" ichaza i-*Public Finance Management Act, 1999 (Act No. 1 of 1999)*;

"iziqu" zichaza idigri egunyaziwe, idiploma noma isitifiketi esiklonyeliswa ngemuva kokuhlolwa isikhungo sokuqeqesha esibhalisiwe siklomelisa umuntu onolwazi esifundweni esithile;

"irejista" uma isetshenziswa njengebizo, ichaza irejista egcinwe ngokulandela imibandela yalo Mthetho, futhi uma isetshenziswa emkhakheni noma kwilungu lanoma omuphi umkhakha wabantu lapho kugcinwa khona irejista, ichaza irejista egcinelwe lowo mkhakha;

"unobhala" uchaza umuntu obhekele ukubhalisa abasebenzi abasebenza ngolimi futhi oqokwe ngumphathi omkhulu ngokwemigomo yesigaba sesi-18;

"ukubhalisa" kuchaza ukubhalisa, ngemuva kokulandela uhlelo lokugunyazwa olunqunywe uMkhandlu;

"izimiso zomthetho" zichaza izimiso zomthetho ezimiswe ngaphansi kwalo Mthetho;

"umthetho" uchaza noma omuphi umthetho ongaphansi kwalo Mthetho;

"uMkhandlu weziQu waseNingizimu Afrika" uchaza uMkhandlu weziQu waseNingizimu Afrika ovezwe eSahlukweni sesi-4 se-*National Qualifications Framework Act, 2008 (Act No. 67 of 2008)*;

"terminologist" means a person who collects terms and related terminological data from technical text, conducts research on the meaning of terms, and manipulates the data by using and applying terminological methods and principles to comply with the needs of particular target users;

"terminology" means the technical vocabulary of a particular subject field or domain, characterised by the restricted and standardised meaning of the terms as the linguistic designations of the specialised concepts of the particular subject field or domain;

"text editor" means a person who effects corrections of language and style in written texts, or recorded signed texts;

"this Act" includes the regulations and rules made under this Act;

"translation" means the act of transposing a written, spoken or signed text from a source language to a target language; and

"translator" means a person who transposes a written, spoken or signed text from a source language to a target language.

Application of Act

2. This Act applies to all language practitioners within the Republic of South Africa.

CHAPTER 2

SOUTH AFRICAN LANGUAGE PRACTITIONERS' COUNCIL

Establishment of South African Language Practitioners' Council

3. (1) There is hereby established a juristic person for the protection and promotion of language practice in the Republic to be known as the South African Language Practitioners' Council.

(2) The Council is a National Public Entity subject to the Public Finance Management Act.

Objects of Council

4. The objects of the Council are to—

(a) promote and protect the language practice in the Republic;

(b) scrutinise particulars of people intending to register;

(c) register people who are registrable by the Council;

(d) accredit people who are accreditable by the Council;

(e) develop, implement, revise and amend a code of conduct relating to the conduct of registered language practitioners;

(f) protect language practitioners' professional interests;

(g) protect the members of the public who make use of services provided by language practitioners;

(h) regulate the provision of language service to members of the public;

(i) provide and encourage the provision of opportunities for persons, especially from indigenous communities, to enter and participate in the language practice in the Republic;

(j) contribute to an enabling environment for job creation in the language practice in the Republic; and

(k) advise the Minister on matters affecting the language profession.

Functions of Council

5. (1) The Council must—

(a) administer funds appropriated by an Act of Parliament;

(b) initiate and administer funding from sources other than that appropriated by an Act of Parliament;

"umqambimagama" uchaza umuntu oqoqa amagama namagama ahambisanayo emibhalweni yezobuchwepheshe, wenza ucwaningo ukuthola incazelo yamagama, futhi aguquguqule imininingwane ngokusebenzisa izindlela nemigomo yokuqamba amagama ukuhambisana nezidingo zabantu abathile;

"amagama" achaza amagama ezobuchwepheshe omkhakha othile noma ohlaka oluthile, anencazelo ebekelwe imikhawulo futhi anencazelo esezingeni elithile ngokomkhakha wolimi kulowo mkhakha noma ohlakeni oluthile kwezobuchwepheshe;

"umhleli wemibhalo" uchaza umuntu olungisa ulimi nendlela okubhalwe ngayo emibhalweni ebhaliwe;

"lo Mthetho" ubandakanya izimiso zomthetho nemithetho eshaywe ngaphansi kwalo Mthetho;

"ukuhumusha" kuchaza ukuguqula umbhalo noma inkulumo ukususela kolunye ulimi ngokubhaliwe noma kokukhulunyiwe noma kokushiwo; futhi

"umhumushi" uchaza umuntu oguqula umbhalo ewususela kolunye ulimi ewuyisa kolunye ulimi ngokubhaliwe, noma okukhulunyiwe noma kukushiwo.

Ukusebenza koMthetho

2. Lo Mthethosivivinywa usebenza kubasebenzi bonke abasebenza ngolimi eRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika.

ISAHLUKO 2

UMKHANDLU WABASEBENZI ABASEBENZA NGOLIMI ENINGIZIMU AFRIKA

Ukusungulwa koMkhandlu wabaSebenzi abaSebenza ngoLimi eNingizimu Afrika mokusebenza koMthetho

3. (1) Ngakho-ke sekusungulwe igatsha elizovikela futhi likhuthaze ukusetshenziswa kolimi eRiphabhuliki elizobizwa ngokuthi uMkhandlu wabaSebenzi abaSebenza ngoLimi eNingizimu Afrika.

(2) Lo Mkhandu uyiGatsha likaHulumeni kaZwelonke ngokwe-*Public Finance Management Act*.

Izinjongo zoMkhandlu

4. Izinjongo zoMkhandlu uku—

(a) khuthaza nokuvikela ukusetshenziswa kolimi eRiphabhuliki;

(b) hlaziya imininingwane yabantu abafisa ukubhalisa;

(c) ukubhalisa abantu okufanele babhaliswe uMkhandlu;

(d) gunyaza abantu okufanele bagunyazwe uMkhandlu;

(e) thuthukisa, sebenzisa, buyekeza nokuchibiyela inqubo yokuziphatha ehlobene nendlela yokuziphatha kubasebenzi abasebenza ngolimi;

(f) vikela izidingo zabasebenzi abakufundele ukusebenza ngolimi;

(g) vikela amalungu omphakathi asebenzisa usizo oluphakelwa abasebenzi abasebenza ngolimi;

(h) lawula ukuhlinzekela ngosizo lwezolimi kumalungu omphakathi;

(i) hlinzekela nokukhuthaza ukunikeza abantu amathuba, ikakhulukazi imiphakathi yendabuko, ukuba bangene futhi babambe iqhaza emisebenzini yezilimi eRiphabhuliki;

(j) bamba iqhaza ngokusiza uhulumeni ukudala amathuba emisebenzi emisebenzini yolimi eRiphabhuliki; kanye

(k) nokululeka uNgqongqoshe ezindabeni ezithinta umkhakha wezilimi.

Imisebenzi yoMkhandlu

5. (1) UMkhandlu kufanele—

(a) ulawule imali eyabiwe ngoMthetho wePhalamende;

(b) uqale futhi ulawule imali evela kweminye imithombo okungeyona leyo eyabiwe ePhalamende;

(c) consult and liaise with—

(i) the South African Qualifications Authority in respect of the establishment of an Education and Training Quality Assurance in terms of the National Qualifications Framework Act, 2008 (Act No. 67 of 2008);

(ii) the Department in respect of language matters;

(iii) the Council for Higher Education, in terms of the National Qualifications Framework Act, 2008 (Act No. 67 of 2008), in respect of specific training courses or programmes;

(iv) the National Skills Authority established in terms of the Skills Development Act, 1998 (Act No. 97 of 1998), in respect of skills development; and

(v) organised language professional bodies;

(d) promote liaison among language practitioners;

(e) promote liaison and coordination in the field of training and accreditation pertaining to language professionalisation, both in the Republic and elsewhere, and to promote the standards of such training in the Republic;

(f) analyse and prioritise education and training needs in the language profession and make recommendations on the provision of such education and training;

(g) recognise accreditation of voluntary associations that are in the language profession;

(h) levy and recover fees from registered persons;

(i) grant, refuse, ratify and withdraw accreditation;

(j) determine strategic policy, and make decisions in terms thereof, with regard to the Council and the registered professions, for matters such as finance, education, registration, accreditation, ethics and standards of professional conduct, disciplinary procedure, scope of the professions, professional matters and maintenance and development of professional competence;

(k) coordinate the activities of the Council established in terms of this Act;

(l) propose levels of competency testing and qualifications;

(m) monitor and audit achievements in terms of those prescribed standards and qualifications without itself being the provider of education and training;

(n) keep a record of registered language practitioners;

(o) devise a manner of application for registration and consider applications for registration;

(p) develop and implement the national system of registration for professional language practitioners;

(q) develop and implement a framework for the accreditation of language practitioners at all levels;

(r) develop, implement, enforce and revise the professional code of conduct governing the conduct of all registered language practitioners;

(s) perform any other developmental function relating to the provision of language services that may be required by the Minister;

(t) perform any other function aimed at the development of language professionals;

(u) perform any other function necessary to attain the objectives of this Act; and

(v) develop, implement, enforce and review the code of conduct of all registered and accredited language professionals.

(2) The Council may advise the Minister on—

(a) accreditation and competency levels in the language profession to improve the provision and the quality of services rendered by language practitioners, through adequate education and training;

(b) standards, competency testing and accreditation in the language profession;

(c) relevant international standards; and

(d) any matter falling within the scope of this Act.

(3) In order to promote uniformity and cooperation by all organs of state on matters relating to the language practice, the Council must—

(a) at least twice a year, convene meetings between organs of state that have an interest in any matter related to the language practice;

(b) act as a link between organs of state and stakeholders in the language practice in the Republic; and

(c) uxhumane futhi uxoxisane—

(i) noMkhandlu weziQu waseNingizimu Afrika mayelana nokusungula i-*Education and Training Quality Assurance* ngokwemigomo ye-*National Qualifications Framework Act, 2008 (Act No. 67 of 2008)*;

(ii) noMnyango mayelana nezindaba ezithinta ulimi;

(iii) noMkhandlu wezeMfundo Ephakeme, ngokwemigomo ye-*National Qualifications Framework Act, 2008 (Act No. 67 of 2008)*, mayelana ngemikhakha noma izinhlelo zokuqeqesha;

(iv) noMkhandlu weziQu kaZwelonke osungulwe ngokwemigomo ye-*Skills Development Act, 1998 (Act No. 97 of 1998)*, mayelana nokuthuthukisa amakhono; kanye

(v) nemikhandlu esemthethweni yezilimi ehleliwe.

(d) ukhuthaze ukuxoxisana kubasebenzi bezilimi;

(e) ukhuthaze futhi uhlele emkhakheni wokuqeqesha nokugunyaza okuhambisana nomsebenzi ofundelwe wezolimi, ofundelwe eRiphabhuliki nakwezinye izindawo, futhi ukhuthaze amazinga afana nokuqeqesha eRiphabhuliki;

(f) uhlaziye futhi ubeke phambili izidingo zezemfundo nokuqeqesha emsebenzini ofundelwe wezilimi futhi uphakamise izincomo ngombandela wezemfundo nokuqeqesha;

(g) ugunyaze izinhlangano ezisebenza ngaphandle kwenzuzo emsebenzini ofundelwe wezilimi;

(h) uthwese futhi ukhokhise imali abantu ababhalisile;

(i) wamukele, unqabe, ulungise futhi uhoxise ukugunyazwa;

(j) unqume isu lenqubomgomo, futhi uthathe izinqumo ngokwaleyo migomo, ezindabeni ezifana nezezimali, ezemfundo, ukubhalisa, ukugunyaza, inkambiso namazinga endlela yokuziphatha emsebenzini ofundelwe, inqubo yokuqondisa izigwegwe, umsebenzi womkhakha ofundelwe, izindaba zomsebenzi ofundelwe, ukugcina nokuthuthukisa ulwazi emsebenzini ofundelwe;

(k) uhlele imisebenzi yoMkhandlu osungulwe ngokwemigomo yalo Mthetho;

(l) uphakamise amazinga ukuhlola ulwazi neziqu;

(m) uqaphe futhi uhlaziye okuklonyelisiwe ngokwemigomo yalawo mazinga anqunyiwe neziqu ngaphandle kokuba ingxenye yabaphakela ngezemfundo nokuqeqesha;

(n) ugcine irekhodi labasebenzi abakufundele ukusebenza ngolimi;

(o) usungule indlela yokufaka isicelo sokubhalisa nokucubungula izicelo zokubhalisa;

(p) usungule futhi usebenzise uhlelo lukazwelonke lokubhalisa abasebenzi abakufundele ukusebenza ngolimi

(q) usungule futhi usebenzise uhlaka lokugunyaza abasebenzi abasebenza ngolimi emazingeni wonke;

(r) uthuthukise, usebenzise, ubophezele futhi usungule inqubo yokuziphatha elawula indlela yokuziphatha kubasebenzi abafundele umsebenzi wolimi;

(s) uqhube omunye umsebenzi wokuthuthukisa okuhambisana nombandela wosizo lwezolimi ongafunwa uNgqongqoshe;

(t) uqhube omunye umsebenzi okuhloswe ngawo ukuthuthukisa abasebenza ngolimi abakufundele;

(u) uqhube eminye imisebenzi efanele ukuzuza izinjongo zalo Mthetho; kanye

(v) ukuthuthukisa, ukusebenzisa, ukubophezela kanye nokubuyekeza inqubo yokuziphatha kubasebenzi bonkeabenza umsebenzi ofundelwe ababhalisiwe nabagunyaziwe.

(2) UMkhandlu ungaluleka uNgqongqoshe mayelana—

(a) nokugunyaza namazinga olwazi emsebenzini wolimi ofundelwe ukuze kuphuculwe izinga nokuhlinzekela ngosizo lwabasebenzi abasebenza ngolimi, ngezemfundo nangokuqeqesha okufanele;

(b) namazinga, ukuhlola ulwazi nokugunyaza umsebenzi ofundelwe wezolimi;

(c) amazinga asemqoka omhlaba jikelele; kanye

(d) nezinye izindaba eziwela emsebenzini walo Mthetho.

(3) Ukuze kukhuthazwe indlela efanayo nokusebenzisana kuzona zonke izinhlaka zombuso ezindabeni ezithinta imisebenzi yezilimi, uMkhandlu kufanele—

(a) okungenani kabili ngonyaka, ubambe imihlangano ephakathi kwamagatsha ombuso anentshisekelo ezindabeni ezihambisana nemisebenzi yezilimi;

(b) usebenze njengomxhumanisi phakathi kwamagatsha ombuso nalabo abaqondene nezindaba zemisebenzi yezilimi eRiphabhuliki; futhi

(c) liaise and interact with an organisation, structure or body that has an interest in a matter related to the language practice.

(4) The Council may enter into agreements with any person with expert knowledge in a particular field so as to assist or advise the Council in connection with any matter relating to its objects, powers, duties and functions in terms of this Act.

CHAPTER 3

BOARD OF COUNCIL

Composition and dissolution of Board

6. (1) The Board consists of—

(a) at least eight, but not more than 12, members appointed by the Minister; and

(b) the chief executive officer as contemplated in section 16(5).

(2) The members must be fit and proper persons to serve the best interests of the Republic, collectively possessing—

(a) appropriate knowledge, experience and skills in the language practice, or

(b) the following skills and expertise:

(i) Legal skills, experience and qualifications;

(ii) public finance management skills, experience and qualifications;

(iii) audit and risk management skills, experience and qualifications; and

(iv) communication skills, experience and qualifications.

(3) In appointing the members contemplated in subsection (1), the Minister must ensure—

(a) that historical imbalances are addressed; and

(b) that a balance of interests is maintained between persons representing—

(i) Umalusi;

(ii) the Council for Higher Education;

(iii) the Pan South African Language Board;

(iv) the South African Qualifications Authority; and

(v) stakeholders in the language practice.

(4) The Minister must, in consultation with the Board designate—

(a) one of the members as the chairperson of the Board; and

(b) one of the members as the deputy chairperson of the Board.

(5) The Minister must, by notice in the *Gazette* and at least two national newspapers, invite any interested party within the Republic to nominate candidates for appointment to the Board.

(6) The invitation for nominations must specify—

(a) the nomination procedure;

(b) the requirements for nominations; and

(c) the closing date for the nominations.

(7) The Minister must consider all nominations submitted in response to the notice, and may appoint a selection panel consisting of senior departmental officials, including language practitioners, to review all the nominations and make recommendations to the Minister on the nominees.

(8) The Minister must, within 90 days after the appointment of members in terms of subsection (1), inform the Cabinet and Parliament of the names of the appointed members, including the term of their appointment.

(9) The Minister must cause the names of the persons appointed to the Board to be published in the *Gazette* and in at least two national newspapers, immediately after such persons have been notified, in writing, of their appointment to the Board.

(10) This section applies, with the necessary changes, to the filling of a vacancy on the Board.

(11) The Minister may dissolve the Board if he or she considers the Board to be disfunctional upon giving it a reasonable opportunity to make written representation on why it should not be dissolved.

(c) uxoxisane futhi uxhumane nezinhlangano, isakhiwo noma negatsha elinentshisekelo odabeni oluthinta umsebenzi wezilimi.

(4) UMkhandlu ungenza isivumelwano nomuntu onolwazi lwezobungoti emkhakheni othile ukuze asize noma aluleke uMkhandlu mayelana nodaba oluthinta izinjongo zawo, amandla, izibophezelo nemisebenzi ngokwemigomo yalo Mthetho.

ISAHLUKO 3

IBHODI YOMKHANDLU

Ukwakheka nokuchithwa kweBhodi

6. (1) Ibhodi lakhiwe—

(a) amalungu asukela kwayisishiyagalombili, kodwa angadlulile kwayishumi nambili, aqokwe uNgqongqoshe; futhi

(b) umphathi omkhulu ovezwe esigabeni se-15(5).

(2) Amalungu kufanele kube abantu abafanele ukusebenzela eRiphabhuliki, uma behlanganiswa babe—

(a) nolwazi olufanele, ulwazi lomsebenzi namakhono emkhakheni wezilimi noma

(b) babe nalawa makhono nolwazi olulandelayo—

(i) Amakhono kwezomnotho, ulwazi lomsebenzi neziqu;

(ii) amakhono ukuphathwa kwezimali zikahulumeni, ulwazi lomsebenzi neziqu;

(iii) amakhono okucwaninga amabhuku nawokungamela ingozi, ulwazi lomsebenzi neziqu; futhi

(iv) namakhono ezokuxhumana, ulwazi lomsebenzi neziqu.

(3) Uma kuqokwa amalungu avezwe esigatshaneni soku-(1), uNgqongqoshe kufanele aqikelele ukuthi—

(a) lubhekiwe udaba lokungalingani phambilini; futhi

(b) azishayisani izifiso phakathi kwabantu abamele—

(i) uMnyango wezeMfundo eyisiSekelo;

(ii) uMkhandlu wezeMfundo Ephakeme;

(iii) iBhodi leziLimi zaseNingizimu Afrika;

(iv) uMkhandlu weziQu waseNingizimu Afrika;

(v) nabaqondene nomkhakha womsebenzi wezilimi ezifundelwe.

(4) UNgqongqoshe kufanele ngokuxoxisana neBhodi aqoke—

(a) ilungu elilodwa libe usihlalo weBhodi; kanye

(b) nelinye ilungu elizoba iphini likasihlalo weBhodi.

(5) UNgqongqoshe kufanele asebenzise isaziso kuSomqulu futhi okungenani nakumaphephandaba amabili kazwelonke, ukumema inhlangano enentshisekelo eseRiphabhuliki ukuba iphakamise abantu abazoqokelwa iBhodi.

(6) Isicelo sokuphakamisa amagama abantu kufanele siveze—

(a) inqubo yokuphakamisa amagama abantu;

(b) izimfanelo zokuphakamisa amagama abantu; kanye

(c) nosuku lokugcina lokuphakamisa amagama abantu.

(7) UNgqongqoshe kufanele abheke wonke amagama abantu abaphakanyisiwe athunyelwe ngokulandela isaziso, futhi angaqoka ithimba elizohlunga alakhiwe abasebenzi abaphezulu bomnyango kanye nabasebenzi abasebenza ngolimi abazobuyekeza wonke amagama abantu aphakanyisiwe futhi lenze nezincomo kuNgqongqoshe ngalabo abaphakanyisiwe.

(8) UNgqongqoshe kufanele, zingakapheli izinyanga ezimbili ngemuva kokuqokwa kwamalungu ngokwemigomo yesigatshana soku-(1), azise iKhabhinethi nePhalamende amagama amalungu aqokiwe kubalwa nesikhathi aqokelwe sona.

(9) UNgqongqoshe kufanele aqikelele ukushicilelwa kwamagama abantu abaqokelwe iBhodi ukuba ashicilelwe kuSomqulu futhi okungenani kumaphephandaba amabili kazwelonke aseRiphabhuliki, ngemuva kokuba labo bantu sebazisiwe, ngoncwadi, mayelana nokuqokelwa kwabo iBhodi.

(10) Lesi sigaba sisebenza, nezinguquko ezifanele, zokugcwalisa izikhala zeBhadi.

(11) UNgqongqoshe angachitha iBhodi uma ebona ukuthi alisasebenzi uma eselithumelele noma walinika ithuba elanele lokwethula izethulo zokuthi kungani kufanele lichithwe.

Disqualification from membership of Board

7. A person is disqualified from being appointed to the Board or from remaining a member if he or she—

(a) is or becomes an unrehabilitated insolvent;

(b) is or has been declared by a competent court to be of unsound mind;

(c) is directly or indirectly interested in a contract with the Council and fails to declare his or her interest and the nature thereof in the manner required by this Act;

(d) is a person under curatorship;

(e) has at any time been removed from an office of trust on account of misconduct involving theft or fraud;

(f) has been convicted and sentenced to a term of imprisonment without the option of a fine, except that the Minister may, upon receipt of an affidavit disclosing full details of an offence by a person nominated for appointment, condone a conviction in a manner that is consistent with section 106(1)(e) of the Constitution of the Republic of South Africa, 1996: Provided that a disqualification in terms of this subsection ends five years after the sentence has been completed; or

(g) fails to disclose an interest in accordance with section 8 or attended or participated in the proceedings of the Board while having an interest contemplated in the said section.

Declaration of financial or other interests of members

8. (1) A person who has been nominated to serve on the Board in terms of section 6(6) must, within 10 days of being nominated, submit a written declaration to the Minister of all direct or indirect interests in a company and of other business interests.

(2) A failure by the nominee to disclose financial and other interests in terms of subsection (1) disqualifies such nominee in terms of section 7 from being appointed to the Board.

(3) A member must, upon assuming office and at the beginning of every financial year of the Council, submit a written declaration of his or her direct or indirect interest in a company or other business interest.

(4) Where a member acquires an interest in a company, or other business interest, at any time during his or her tenure as a member of the Board, he or she must, within 10 days of the date of the acquisition of such an interest, submit a written declaration to the Minister of such an interest.

(5) Failure on the part of a member to disclose his or her interest as contemplated in subsections (3) and (4), constitutes justifiable reason for the termination of appointment of such member in terms of section 10(2).

(6) The Minister must keep an updated register of the interests of members disclosed in terms of this section.

Term of office and re-appointment of members

9. The persons appointed to the Board—

(a) holds office for a period of five years or such lesser period as the Minister may determine; and

(b) are, subject to section 6, eligible for re-appointment at the expiry of such period: Provided that no person may be re-appointed after having served on the Board for a continuous period of 10 years.

Vacancies, suspension, removal and resignation from office of members

10. (1) A member must vacate office if he or she becomes subject to a disqualification contemplated in section 7.

(2) The Minister must, after having afforded a member the opportunity to state his or her case, at any time suspend, or terminate the term of office of such member if, in his or her opinion, there are justifiable and cogent reasons for doing so.

(3) A member must vacate office if he or she is absent, without a leave of absence

Abangafanele ukuba amalungu eBhodi

7. Umuntu akufanele aqokelwe iBhodi noma aqhubeke nokuba ilungu uma—

(a) emenyezelwe inkantolo njengohluleka ukukhokha izikweleti;

(b) emenyezelwe noma wamenyezelwa inkantolo njengomuntu ongaphili kahle ngokomqondo;

(c) enetshisekelo eqondile noma ngenye indlela kwinkontileka noMkhandlu futhi ehluleka ukudalula inzuzo yalokho ngendlela efanele ngokwalo Mthetho;

(d) engumuntu onganyelwe ngomunye;

(e) wake wasuswa esikhundleni sokungamela ngoba engaziphethe ngendlela efanele ebandakanya ukuntshontsha nokukhwabanisa;

(f) wake walahlwa icala futhi wagwetshwa ukuboshwa wanganikwa ithuba lokukhokha inhlawulo, ngaphandle uma uNgqongqoshe, uma ethola incwadi efungelwe edalula imininingwane egcwele ngalelo cala kulowo muntu igama lakhe eliphakanyisiwe ukuba aqokwe, walixolela lelo cala elamlahla ngendlela ehambisana nesigaba se-106(1)*(e)* soMthethosisekelo waseRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, 1996: Inqobo nje uma ukungafaneli kwakhe ukuqokwa njengelungu ngokwemigomo yalesi sigatshana kuzophela eminyakeni emihlanu ngemuva kokuphothula isigwebo; noma

(g) ehluleka ukudalula inzuzo ngokulandela isigaba sesi-8 noma ethamele noma ebe ingxenye yokuqhutshwa ibhodi ebe enenzuzo evezwe kulesi sigaba.

Ukudalula imali noma enye inzuzo yamalungu

8. (1) Umuntu okuphakanyiswe igama lakhe ukuba asebenze njengelungu leBhodi ngokwemigomo yesigaba sesi-5(6) kufanele, zingakapheli izinsuku eziyi-10 kuphakanyiswe igama lakhe, athumele isiqinisekiso esibhaliwe kuNgqongqoshe senzuzo ayitholayo noma ayithola ngenye indlela enkampanini nenye inzuzo kwamanye amabhizinisi.

(2) Uma umuntu okuphakanyiswe igama lakhe ehluleka ukudalula imali nenye inzuzo ngokwemigomo yesigatshana soku-(1) ngeke asaqokwa njengelungu leBhodi ngokwemigomo yesigaba sesi-6.

(3) Ilungu uma seliqala ukusebenza futhi uma kuqala unyaka wezimali eMkhandlwini, kufanele lithumele isiqinisekiso esibhaliwe mayelana nenzuzo eliyithola noma eliyithola ngenye indlela enkampanini noma kwamanye amabhizinisi.

(4) Esimweni lapho ilungu lithola inzuzo enkampanini, noma kwelinye ibhizinisi, ngesikhathi liseyilungu leBhodi, lelo lungu kufanele, zingakapheli izinsuku ezili-10 lithole leyo nzuzo, lithumele isiqinisekiso esibhaliwe kuNgqongqoshe mayelana naleyo nzuzo.

(5) Uma ilungu lihluleka ukudalula inzuzo njengoba kuveziwe esigatshaneni sesi-(3) nesesi-(4), lokhu kuyisizathu esanele sokumisa ukuqokwa kwalelo lungu ngokwemigomo yesigaba sesi-10(2).

(a) in which he or she enters the names of accredited language practitioners;

(b) in which he or she, on instruction of the Council, enters the name, physical address, qualifications, date of initial registration and other particulars, determined by the Council, of the person so registered;

(c) from which he or she must remove the names of deceased registered persons or other persons whose names must be removed in the prescribed manner; and

(d) in which he or she must update, from time to time, the relevant particulars of the person so registered.

(2) The registrar must keep the registers correctly and in accordance with the provisions of this Act.

(3) Every registered person who changes his or her address must notify the registrar in writing within 90 days after such change.

(4) *(a)* No qualification or accreditation must be entered in the register unless the registrar is satisfied that the person claiming to possess such qualification or experience is entitled thereto and has duly so demonstrated in the accreditation process conducted by the Council.

(b) An entry which is proved to the satisfaction of the Council to have been made in error or through misrepresentation or in circumstances not authorised by this Act may be removed from the register.

(c) A record of the reason for such removal must be made in the register.

(d) The person in respect of whose entry such removal has been made must be notified thereof.

Removal of name from, and restoration to, register

27. (1) The Council must direct the registrar to remove from the register the name of a person—

(a) who has died;

(5) UMkhandlu akufanele uzibophezele emalini engaphezulu kwesabelomali esigunyaziwe nenzalo yaso.

(6) Umphathi omkhulu uma egunyazwa iBhodi, angatshala ingxenye esele yemali ne-*Corporation for Public Deposits* esungulwe ngokwemigomo yesigaba sesi-2 se-*Corporation for Public Deposits Act, 1984 (Act No. 46 of 1984)*, noma nesinye isikhungo esisemkhakheni noma esisohlwini lwesiKhwama seziMali zoMbuso oHlwini "A1" lwezikhungo zemali noma usungule isikhwama sokugcina imali kusona leso samba esigunyazwe iBhodi ngokuhamba kwesikhathi.

Ukucwaningwa kwamabhuku nombiko wonyaka

25. (1) UMcwaningimabhuku-Jikelele kufanele acwaninge izitatimende zemali yoMkhandlu.

(2) *(a)* IBhodi kufanele yethule umbiko ngokuqhutshwa uMkhandlu ngesikhathi sonyaka wezimali ePhalamende zingakapheli izinyanga ezinhlanu ngemuva kokuphela kwalowo nyaka wezimali.

(b) IBhodi kufanele, zingakapheli izinyanga ezinhlanu ngemuva kokwethula umbiko, lazise iPhalamende ngombiko wonyaka.

(3) Umbiko kufanele—

(a) ubandakanye ibhalansi shithi nestatimende semali engenayo nezindleko ezigunyazwe uMcwaningimabhuku-Jikelele;

(b) uveze indlela uMkhandlu ozuze ngayo noma odlondlobalise ngayo izinjongo ezivezwe esigabeni sesi-3 nezinjongo ezingalinganiswa ezivezwe ohlelweni lwebhizinisi njengoba kuveziwe esigabeni sama-24(3)*(a)* ngalowo nyaka wezimali; futhi

(c) ube nendlela efanele umnotho oqhuba ngayo, inqubekela phambili nosizo lokusebenzisa izinsiza kanye nokuqhathanisa izinkomba zohlelo nalokho okuqhuthwayo okuvezwe ohlelweni lwebhizinisi.

ISAHLUKO 8

UKUGCINA IREJISTA, UKUSUSA NOKUGCINA IREGISTA NEZINDABA EZIHAMBISANA NAYO

Ukugcina irejista

26. (1) Unobhala kufanele agcine amarejista—

(a) lapho ebhala khona amagama abasebenzi abasebenza ngolimi abagunyaziwe;

(b) lapho, uma ethola umyalelo eMkhandlwini, ebhala khona igama, ikheli, iziqu, usuku lokubhalisa neminye imininingwane, enqunywe uMkhandlu, ngalowo muntu obhalisayo;

(c) lapho kufanele asuse amagama abantu ababhalisiwe asebedlulile emhlabeni noma abanye abantu okufanela amagama abo akhishwe ngendlela enqunyiwe; futhi

(d) nalapho kufanele afake imininingwane emisha, ngokuhamba kwesikhathi, imininingwane esemqoka yomuntu obhalisiwe.

(2) Unobhala kufanele agcine amarejista ngendlela efanele futhi ngokulandela imibandela yalo Mthetho.

(3) Wonke umuntu obhalisiwe oshintsha ikheli lakhe kufanele abhale incwadi azise unobhala zingakapheli izinsuku ezingama-90 ngemuva kwaloko shintsho.

(4) *(a)* Azikho iziqu noma ukugunyazwa okuzobhalwa kurejista ngaphandle uma unobhala egculiseka ukuthi lowo muntu othi unalezo ziqu noma ulwazi lomsebenzi unakho futhi ubonisile ohlelweni lokugunyazwa obeluqhutshwa uMkhandlu.

(b) Okubhaliwe okungagculisi uMkhandlu okunephutha noma okungelona iqiniso noma ezimweni ezingagunyaziwe ngalo Mthetho kungasuswa kurejista.

(c) Irekhodi lokususa lokho kufanele lenziwe kurejista.

(d) Umuntu okususwe okuthile egameni lakhe kufanele aziswe ngalokho.

Ukususa igama, nokuligcina, kurejista

27. (1) UMkhandlu ungakhipha umyalelo wokuba kususwe igama lomuntu kurejista—

(a) osedlulile emhlabeni;

(b) who has been absent from the Republic for a continuous period of more than three years immediately preceding such removal;

(c) who has failed to notify the registrar of his present address within a period of 90 days as from the date of an enquiry sent by the registrar by certified mail to the address appearing in the register in respect of such person;

(d) who has requested that his or her name be removed from the register, in which case such person may be required to lodge with the registrar an affidavit to the effect that no disciplinary or criminal proceedings are being or are likely to be taken against him or her;

(e) who has failed to pay to the Council, within 90 days as from the date on which it became due for payment, any annual fee prescribed;

(f) whose name has been removed from the register, record or roll of a university, college, society or other body from which that person received the qualification by virtue of the holding whereof he or she was registered; or

(g) who has been registered in error or through fraud.

(2) The registrar must give notice of removal of a person's name by registered mail addressed to such person at the address of such person as it appears in the register.

(3) From the date on which the notice contemplated in subsection (2) was given—

(a) any registration certificate issued in terms of this Act to the person concerned is considered to have been cancelled; and

(b) a person whose name has been removed from the register must cease to practise the profession and is precluded from performing any act which he or she in his or her capacity as a registered person, was entitled to perform, until such time as his or her name is restored to the register.

(4) If, from the documents submitted to him or her, it appears to a judge, or it is brought to his or her notice in any other manner that the person to whom the documents relate is a person registered under this Act or if the said person is declared a mentally ill person in terms of the Mental Health Care Act, 2002 (Act No. 17 of 2002), the judge concerned may direct that a copy of the order declaring such person a mentally ill person be transmitted to the registrar and the registrar must, on receipt of the said copy, remove the name of the person concerned from the register.

(5) The registrar must restore the name of a person which in terms of this section has been removed from the register if the person concerned—

(a) applies on the prescribed form for such restoration to the registrar;

(b) pays the prescribed fee in respect of such restoration;

(c) in the case where a person's name has been removed from the register in terms of subsection (4), submit proof to the satisfaction of the Council of his or her discharge in terms of the provisions of the Mental Health Care Act, 2002, from the institution at which he or she has been detained;

(d) pays an annual fee which was not paid and an additional fee as may be decided upon; and

(e) complies with such other requirements as the Council may determine.

Effect of suspension or removal from register

28. A person who has been suspended or whose name has been removed from the register is disqualified from carrying on his or her profession as a registered language practitioner and his or her registration certificate is considered to have been cancelled until the period of suspension has expired or until his or her name has been restored to the register by the Council.

Right to appeal

29. (1) A person who is aggrieved by a decision of the Council may within 90 days of the decision, appeal to the Minister in the prescribed manner prior to instituting legal proceedings to review such a decision.

(2) A notice of the appeal must be given within 90 days from the date on which such decision was given or when such decision came to his or her knowledge.

Custody and publication of registers

30. (1) The registers must be kept at the offices of the Council.

(2) The registrar must, at intervals determined by the Council and according to the instructions of the Council, cause to be printed copies of the registers or supplementary

(b) obengekho eRiphabhuliki iminyaka edlulile kwemithathu ilandelana ukuba asuswe;

(c) ohlulekile ukwazisa unobhala ngekheli lakhe elisha zingakapheli izinyanga ezintathu kusukela ngosuku okwathunyelwa ngalo lokho kuthunyelwa unobhala ngencwadi ebhalisiwe ekhelini elivela kurejista yalowo muntu;

(d) ocelile ukuba igama lakhe lisuswe kurejista, esimweni esinjalo lowo muntu angacelwa ukuba athumele i-afidavithi echazayo ukuthi azikho izinyathelo zokuqondisa izigwegwe noma zobulelesi ezisaqhutshwa noma okungase zithathelwe lowo muntu;

(e) ohlulekile ukukhokhela uMkhandlu, zingakapheli izinsuku ezingama-90 kusukela ngosuku okwakufanele akhokhe ngalo, imali yonyaka enqunyiwe;

(f) okususwe igama lakhe kurejista, kumarekhodi noma emqulwini wenyuvesi, ikolishi, inhlangano noma elinye igatsha lowo muntu athola khona lezo ziqu ngoba wayefunda khona; noma

(g) okunephutha noma nokukhwabanisa ngokubhaliswa kwakhe.

(2) Unobhala kufanele akhiphe isaziso sokususa igama lomuntu athumele incwadi ebhalisiwe ekhelini elivela kurejista iqondiswe kulowo muntu.

(3) Kusukela ngosuku okwakhishwa ngalo isaziso esivezwe esigatshaneni sesi-(2)—

(a) isitifiketi sokubhalisa esinikezwe umuntu ofanele ngokwemigomo yalo Mthetho kuzothathwa ngokuthi sahoxiswa; futhi

(b) umuntu okususwe igama lakhe kurejista kufanele ayeke ukusebenza futhi akavunyelwe ukuqhuba lowo msebenzi awubhalisa, kuze kubuyiselwe igama lakhe kurejista.

(4) Uma, emiqulwini athunyelwe yona, ijaji libona, noma livezelwa ngenye indlela ukuthi leyo miqulu ihambisana nomuntu obhaliswe ngaphansi kwalo Mthetho noma uma lowo muntu emenyezelwe ukuthi ugula ngekhanda ngokwemigomo ye-*Mental Health Care Act, 2002 (Act 17 of 2002)*, lelo jaji lingakhipha umyalelo wokunquma ukuba lowo muntu ugula ngekhanda ukuba uthunyelwe kunobhala futhi unobhala kufanele, uma esethole leyo khophi, asuse igama lalowo muntu kurejista.

(5) Unobhala kufanele agcine igama lomuntu obhalisile ngokwemigomo yalesi sigaba uma lowo muntu—

(a) efaka isicelo ngendlela enqunyiwe sokuba kugcinwe igama lakhe kurejista;

(b) ekhokha imali enqunyiwe yokuba kugcinwe igama lakhe;

(c) uma kususwe igama lomuntu kurejista ngokwemigomo yesigatshana sesi-(4), athumele ubufakazi obuzogculisa uMkhandlu ngokususwa kwakhe ngokwemigomo yemibandela ye-*Mental Health Care Act, 2002 (Act No. 17 of 2002)*, kuleso sikhungo akade egcinwe ngaphansi kwaso;

(d) ekhokha yonke imali yonyaka ebingakhokhiwe futhi wakhokha nezinye izindleko ezinganqunywa; futhi

(e) elandela ezinye izimfanelo ezinganqunywa uMkhandlu.

Umthelela wokumiswa noma wokususwa kurejista

28. Umuntu omisiwe noma igama lakhe elisusiwe kurejista akavunyelwe ukuqhuba umsebenzi wakhe awubhalisele wokusebenza njengomuntu osebenza ngolimi futhi isitifiketi sakhe sokubhalisa sithathwa ngokuthi sihoxisiwe kuze kuphele isikhathi sokuhoxiswa kwaso noma uMkhandlu uze ubuyisele igama lakhe kurejista.

Ilungelo lokufaka isicelo sokubuyekeza

29. (1) Umuntu ongagculisekile ngesinqumo soMkhandlu ingakapheli izinyanga ezintathu kukhishwe isinqumo, angafaka isicelo sokubuyekeza kuNgqongqoshe ngendlela enqunyiwe ngaphambi kokuba acele inkantolo ukuba ibuyekeze leso siqumo.

(2) Isaziso sesicelo sokubuyekeza kufanele sithunyelwe zingakapheli izinsuku ezingama-90 kusukela ngosuku okwakhishwa ngalo isinqumo noma azi ngalo mayelana naleso sinqumo.

Ukugcinwa nokushicilelwa kwamarejista

30. (1) Amarejista kufanele agcinwe emahhovisi oMkhandlu.

(2) Unobhala kufanele, ngesikhathi esinqunywe uMkhandlu futhi ngokulandela imiyalelo yoMkhandlu, agaye amakhophi amarejista noma uhlu oluhambisana nawo

lists showing all alterations, removals, additions, revisions and deletions effected since the last publication of the complete registers.

Register as proof

31. (1) *(a)* A copy of the last published issue of a register or supplementary list purporting to be printed and published on the authority of the Council is *prima facie* proof in all legal proceedings of the facts therein recorded.

(b) The absence of the name of a person from such copy is proof, unless there is credible evidence to the contrary, that such person is not registered according to the provisions of this Act.

(2) For the purposes of subsection (1) a certified extract or a certificate contemplated in section 32(3) bearing a date subsequent to the date of publication of the register or supplementary list contemplated in subsection (1) is ''credible evidence to the contrary''.

(3) If the registrar issues a certificate dated later than the date of publication of the register or supplementary list contemplated in subsection (1) to the effect that a language practitioner's name has been removed from the register since the date of publication of the register or supplementary list and has not been restored thereto, that certificate is proof, in the absence of credible evidence to the contrary, that such person is not registered in terms of the provision of this Act.

(4) A certificate of registration is proof of registration for a period of one year only and thereafter an annual practising certificate, issued upon payment of the prescribed annual fee and upon submission of such information as may be required by the Council to enable it to keep accurate statistics on human resources in the language field, is proof of registration in the absence of credible evidence to the contrary.

Issue of duplicate registration certificate, certificate of status, extract from register or certificate by registrar

32. (1) If the registrar is satisfied—

(a) on proof submitted by the registered person concerned that a registration certificate has been destroyed; or

(b) by virtue of an affidavit submitted by the registered person concerned, that a registration certificate has been lost,

the registrar may issue a duplicate registration certificate to that person upon payment of the prescribed fee.

(2) The registrar may, upon payment of the prescribed fee, issue to any registered person a certificate of status containing particulars relating to such person's registration as well as a statement to the effect that the said person is not disqualified from practising his or her profession and that no disciplinary steps are pending against him or her in terms of this Act.

(3) The registrar may issue a certified extract from the register or a certificate under his or her hand to a person upon payment of the prescribed fee.

(4) A certificate may be issued subject to certain conditions imposed by the Council and such conditions must be indicated on the certificate.

Qualifications and experience prescribed for registration

33. (1) The Minister may, on the recommendation of the Council, prescribe the minimum qualifications to be obtained by virtue of examinations conducted by a tertiary institution or other examining authority in the Republic.

(2) A holder of a qualification contemplated in subsection (1), obtained separately or conjointly with another qualification, or a person with relevant experience is eligible for registration in terms of this Act if he or she has before or in connection with or after the acquisition of the qualification in question, or other relevant experience, complied with the prescribed conditions or requirements.

Levying of annual fees on accredited and registered persons

34. (1) The Minister may, on the recommendation of the Council and by notice in the *Gazette* and in at least two national newspapers, authorise the Council to prescribe a fee to be paid annually to the Council by the registered persons concerned: Provided that in

oluveza izinguquko, okususiwe, okungenziwanga, okubuyekeziwe noma okusuliwe okwenziwe selokhu kwashicilelwa okokugcina amarejista agcwele.

Ubufakazi berejista

31. (1) *(a)* Ikhophi yerejista yokugcina eshicilelwe noma uhlu oluhambisana nayo okufanele kugaywe futhi kushicilelwe ngokulandela umyalelo woMkhandlu kuwubufakazi ezinyathelweni zomthetho kwalokho okubhalwe kuyona.

(b) Ukungabi khona kwegama lomuntu kuleyo khophi kuwubufakazi, bokuthi lowo muntu akabhalisile ngokwemibandela yalo Mthetho, ngaphandle uma kunobufakazi obuzwakalayo obuphikisa lokhu.

(2) Ngokwesigatshana soku-(1) ikhophi egxiviziwe noma isitifiketi esivezwe esigabeni sama-24(3) esiveza usuku olulandela usuku lokushicilelwa kwerejista noma uhla oluhambisana nayo oluvezwe esigatshaneni soku-(1) ‘‘siwubufakazi obumsulwa obuphikisa lokhu’’.

(3) Uma unobhala ekhipha isitifiketi esiveza usuku oludala kunosuku lokushicilelwa kwerejista noma uhlu oluhambisana nayo oluvezwe esigatshaneni soku-(1) oluveza ukuthi igama lomsebenzi osebenza ngolimi lisusiwe kurejisa kusukela ngosuku lokushicilelwa kwerejista noma lohlu oluhambisana nayo lisagciniwe kuyona, leso sitifiketi siwubufakazi, uma bungekho ubufakazi obuphikisayo, bokuthi lowo muntu ungumuntu obhalisile ngokwemigomo yalo Mthetho.

(4) Isitifiketi sokubhalisa siwubufakazi bokubhalisa unyaka owodwa kuphela ngemuva kwalokhu uma sekukhokhwe imali yonyaka enqunyiwe futhi uma sekuthunyelwe leyo minininingwane enganqunywa uMkhandlu ukuze ugcine izibalo ezifanele zamakhono abantu emkahkheni wolimi, kungubufakazi bokubhalisa uma bungekho ubufakazi obuphathekayo obuphikisana nalokhu.

Ukukhishwa kwesinye isitifiketi, izinga lesitifiketi, ikhophi unobhala ayithathela kurejista noma esitifiketini

32. (1) Uma unobhala egculisekile—

(a) ngobufakazi athunyelwe bona umuntu obhalisile oqondene bokuthi isitifiketi sokubhalisa sishatshalalisiwe; noma

(b) nge-afidavithi ethunyelwe ilowo muntu obhalisile, yokuthi isitifiketi sokubhalisa silahlekile,

unobhala angakhiphela lowo muntu esinye isitifiketi uma esekhokhe imali enqunyiwe.

(2) Unobhala, uma sekukhokhwe imali enqunyiwe, angakhiphela umuntu obhalisile isitifiketi esiqukethe iminininingwane yezinga ehambisana nokubhalisa kwalowo muntu nesitatimende esichaza ukuthi lowo muntu akanqatshelwe ukuqhuba umsebenzi wakhe awufundele nokuthi azikho izinyathelo zokuqondiswa kwezigwegwe ezisaqhutshwa ngalowo muntu ngokwemigomo yalo Mthetho.

(3) Unobhala angakhiphela noma ubani ikhophi egxiviziwe ethathelwe kurejista noma esitifiketini ngaphansi kwengalo yakhe uma sekukhokhwe imali enqunyiwe.

(4) Isitifiketi singakhishwa ngokulandela imibandela ethile ethweswe uMkhandlu futhi le mibandela kufanele ivezwe esitifiketini.

Iziqu nolwazi lomsebenzi okunqunyiwe ukuba kubhaliswe

33. (1) Ngokulandela izincomo zoMkhandlu, uNgqongqoshe, anganquma iziqu ezitholwe ngokuhlolwa okwenziwe isikhungo semfundo ephakeme noma omunye umkhandlu wemfundo ephakeme eRiphabhuliki.

(2) Umuntu oneziqu ezivezwe esigatshaneni soku-(1), azithole ngokuhlukene noma ndawonye nezinye iziqu, angabhaliswa ngokwemigomo yalo Mthetho uma phambilini noma mayelana nokutholla noma ngemuva kokuthola lezo ziqu, noma olwazi lomsebenzi oluqondene, walandela imibandela noma izimfanelo ezinqunyiwe.

Ukuthweswa kwezindleko zonyaka uma kugunyazwa futhi kubhaliswa abantu

34. (1) Ngokulandela izincomo ezenziwe uMkhandlu futhi nangesimemezelo kuSomqulu kanye nakumaphephandaba amabili kazwelonke, uNgqongqoshe angagunyaza uMkhandlu ukuba unqume imali ezokhokhelwa uMkhandlu njalo ngonyaka ngabantu ababhalisile abaqondene: Inqobo nje uma kunqunywe le mali uMkhandlu uhlukanisa abantu ngokuthi bake babhalisa phambilini noma ngemuva kosuku

prescribing such fee the Council may differentiate between persons according to whether they have been registered before or after a date specified in the notice and may vary such fee according to whether it is paid before or after a specific date.

(2) If a person liable to pay an annual fee prescribed in terms of subsection (1) fails or refuses to pay such fee within the period specified in the notice in question, the Council may institute legal proceedings.

(3) If a person's name has been removed from the register, it shall be a condition precedent for the restoration of his or her name to the register that he or she pays the outstanding annual fee.

(4) The Council may, by resolution, exempt for an indefinite or definite period a registered person specified in the resolution from payment of an annual fee prescribed in terms of subsection (1).

CHAPTER 9

GENERAL PROVISIONS

Security of confidential information held by Council

35. (1) Subject to the Constitution of the Republic of South Africa, 1996, and the Promotion of Access to Information Act, 2000 (Act No. 2 of 2000), and other relevant legislation no person may disclose information submitted to the Council in connection with an application or instruction, unless—

(a) he or she is ordered to do so by a court of law; or

(b) the person who made such application or give such instruction consents thereto in writing.

(2) No person may disclose information kept in the register contemplated in sections 8, 16(4) and 19(4), unless such disclosure is—

(a) in terms of a law that compels or authorises such disclosure;

(b) materially necessary for the proper functioning of the Council; or

(c) made for purposes of monitoring, evaluating, investigating or considering activity relating to the Council, or a member of staff of the Council.

(3) Where a disclosure contemplated in subsection (2) is to be made, the person concerned must be informed thereof timeously.

(4) A person who contravenes subsection (1), (2) or (3) is guilty of an offence.

Dissolution of Council

36. The Council may only be dissolved in terms of an Act of Parliament.

Use of name of Council

37. (1) No person may, without the prior written authorisation of the Council, represent or make use of the name, acronym, logos, designs or material used or owned by the Council.

(2) No person may falsely claim to be acting on behalf of the Council.

(3) A person who contravenes subsection (1) or (2) is guilty of an offence.

Delegations

38. (1) The Minister may delegate to the Board—

(a) any power conferred on the Minister by this Act, except the power to make regulations referred to in section 41; or

(b) any duty imposed on the Minister by this Act, except any duty regarding the appointment, and termination of office, of the members of the Board contemplated in sections 6(1)*(a)*, 7 and 10(2).

(2) The Board may, by a special resolution, delegate to the chief executive officer or staff member of the Council, any power or duty conferred or imposed on the Board by this Act.

(3) The chief executive officer may delegate to a member of staff of the Council any power or duty conferred or imposed on the chief executive officer by this Act, except the power or duty as accounting officer of the Council.

oluvezwe kwisaziso futhi le mali kungahluka ukuthi ikhokhwa ngaphambili noma ngemuva kosuku oluthile.

(2) Uma umuntu kufanele akhokhe imali yonyaka enqunyiwe ngokwemigomo yesigatshana soku-(1) ahluleke noma anqabe ukukhokha leyo mali esikhathini esiveziwe kuleso saziso, uMkhandlu ungaqala izinyathelo zomthetho.

(3) Uma igama lomuntu likhishiwe kurejista, kufanele kube umbandela ongumhlahlandlela wokugcina igama lakhe kurejista wokuba akhokhe imali yonyaka engakakhokhwa.

(4) UMkhandlu, ngesinqumo, ungakhiphela eceleni isikhathi esinqunyiwe noma esinganqunyiwe kubantu ababhalisile esivezwe esinqunyweni sokuba bakhokhe imali yonyaka enqunywe ngemigomo yesigatshana soku-(1).

ISAHLUKO 9

IMIBANDELA EJWAYELEKILE

Ukuvikeleka kwemininingwane eyimfihlo egcinwe uMkhandlu

35. (1) NgokoMthethisisekelo waseRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, 1996, ne-*Promotion of Access to Information Act, 2000 (Act No. 2 of 2000)*, neminye imthetho eqondene akekho umuntu okufanele adalule imininingwane ethunyelwe uMkhandlu emayelana nesicelo noma imiyalelo, ngaphandle uma—

(a) eceliwe inkantolo ukuba enze lokho; noma

(b) umuntu ofake leso sicelo noma okhipha leyo miyalelo evumelana nalokho ngencwadi.

(2) Akekho umuntu okufanele adalule imininingwane egcinwe kurejista evezwe esigabeni sesi-8, 16(4) nese-18(4), ngaphandle uma ukuyidalula—

(a) ngokwemigomo yomunye umthetho kuphoqelela noma kugunyaza ukuba idalulwe;

(b) kufanele ukuze umkhandlu usebenze ngendlela efanele; noma

(c) kwenzelwe ukuqapha, ukuhlola, ukuphenya noma ukucubungula umsebenzi ohambisana noMkhandlu, noma nelinye ilungu labasebenzi boMkhandlu.

(3) Uma ukudalula okuvezwe esigatshaneni sesi-(2), umuntu othintekayo kufanele aziswe ngalokho kusenesikhathi.

(4) Umuntu ophula isigatshana noku-(1), (2) noma sesi-(3) unecala.

Ukuchithwa koMkhandlu

36. UMkhandlu ungachithwa ngokwemigomo yoMthetho wePhalamende.

Ukusebenzisa igama loMkhandlu

37. (1) Akekho umuntu, ongenayo imvume ebhalwe uMkhandlu, ongamela noma asebenzise igama, umbhalo ofingqiwe, umfanekiso, isakhiwo noma izinto ezisetshenziswa noma zoMkhandlu.

(2) Akekho umuntu okufanele aqambe amanga athi usebenzela uMkhandlu.

(3) Umuntu owaphula isigatshana soku-(1) noma sesi-(2) unecala.

Ukudlulisa amandla

38. (1) UNgqongqoshe angadlulisela kuBhodi—

(a) amandla athweswe kuNgqongqoshe ngalo Mthetho, ngaphandle kwamandla okumisa izimiso zomthetho ezivezwe esigabeni sama-40; noma

(b) umsebenzi othweswe uNgqongqoshe ngalo Mthetho, ngaphandle komsebenzi ophathelene nokuqasha, nokumisa umsebenzi, wamalungu eBhodi ovezwe esigabeni sesi-6(1)*(a)*, 7 nese-10(2).

(2) Ngesinqumo esikhethekile, iBhodi, ingadlulisela amandla kumphathi omkhulu noma kumalungu abasebenzi boMkhandlu, amandla noma isibophezelo esinikeziwe noma esithweswe iBhodi ngalo Mthetho.

(3) Umphathi omkhulu angadlulisa amandla kunoma eliphi ilungu labasebenzi boMkhandlu amandla noma isibophezelo esithweswe noma esinikezwe umphathi omkhulu ngalo Mthetho, ngaphandle kwamandla noma isibophezelo somengameli woMkhandlu.

(4) Any power or duty delegated in terms of subsection (1), (2) or (3) must be exercised or performed subject to such conditions as the person or body that made the delegation considers necessary.

(5) A delegation referred to in subsection (1), (2) or (3)—

(a) must be in writing;

(b) does not prohibit the person or body that made the delegation from exercising that power or performing that duty; and

(c) may be withdrawn or amended in writing by that person or body.

Offences

39. (1) A member, a member of staff, an adviser, agent or any other person employed or acting on behalf of the Council is guilty of an offence if he or she directly or indirectly accepts a bribe or receives unauthorised fee or reward from any person in connection with anything done or offered by the Council.

(2) A person is guilty of an offence if he or she, in respect of or in connection with anything done or offered by the Council, bribes or attempts to bribe or in a corrupt manner influences or attempts to influence a member, a member of staff, an adviser, agent or any other person employed by, or acting on behalf of, the Council.

(3) A person is guilty of an offence if he or she falsely claims that he or she is authorised to charge or collect fees, donations or contributions on behalf of, or by direction of the Council.

(4) A person is guilty of an offence if he or she does professional work of a language practitioner without being in possession of a valid accreditation or registered certificate for the period in question.

Penalties

40. A person convicted of an offence in terms of this Act is liable to a fine or to imprisonment for a period not exceeding five years or to both such fine and imprisonment.

Regulations

41. The Minister may, in consultation with the Board, other relevant institution and by notice in the *Gazette*, make regulations regarding—

(a) the training of language practitioners;

(b) control over the accreditation and registration of language practitioners; or

(c) in general, any ancillary or incidental matter that is necessary to prescribe for the proper implementation or administration of this Act.

Transitional provisions

42. (1) For a period, not exceeding two years from date of coming into operation of this Act, the Council may recognise—

(a) any person admitted and enrolled by a division of the High Court as a sworn translator in accordance with Rule 59 of the High Court Rules as a language practitioner for the purposes of this Act; and

(b) accreditation granted by voluntary or other associations prior to the establishment of the Council provided that the Council may conduct a competency test whenever it deems this necessary.

(2) No person or business other than the Council may regulate, register or accredit a language practitioner after the period contemplated in subsection (1) has expired.

Short title and commencement

43. This Act is called the South African Language Practitioners' Council Act, 2014, and comes into operation on a date fixed by the President by proclamation in the *Gazette.*

(4) Amandla noma umsebenzi okudluliselwe ngokwemigomo yesigatshana soku-(1), (2) noma sesi-(3) kufanele kusetshenziswe noma kuqhutshwe ngokulandela leyo mibandela lowo muntu noma igatsha elidlulisele lawo mandla elibona ifanele.

(5) Ukudlulisa amandla okuvezwe esigatshaneni soku-(1), (2) noma sesi-(3)—

(a) kufanele kubhalwe phansi;

(b) akuvimbeli umuntu noma igatsha elidlulisele lawo mandla ukusebenzisa lawo mandla noma ukuqhuba leyo misebenzi; futhi

(c) noma nini kungahoxiswa noma kuchitshiyelwe ngencwadi ebhalwe ilowo muntu noma ilelo gatsha.

Amacala

39. (1) Ilungu, ilungu labasebenzi, umeluleki, isithunywa noma omunye umuntu oqashiwe noma obambile eMkhandlwini unecala uma amukela ngqo noma ngenye indlela ukugwaza noma ethola imali engagunyaziwe noma umklomelo kumuntu oxhumene nokwenziwayo noma okukhishwa uMkhandlu.

(2) Umuntu unecala, uma kokuxhumene noma okukhishwa uMkhandlu, egwaza noma ezama ukugwaza noma eyenga ngenkohlakalo noma ezama ukuyenga ngenkohlakalo ilungu, umsebenzi, umeluleki, isithunywa noma omunye umuntu oqashiwe, noma obambile eMkhandlwini.

(3) Umuntu unecala uma eqamba amanga ngokuthi ugunyaziwe ukukhokhisa noma ukuthatha imali, umnikelo ngokomyalelo woMkhandlu.

(4) Umuntu osebenza umsebenzi ofundelwe wolimi ongagunyaziwe noma ongenaso isitifiketi esibhalisiwe saleso sikhathi unecala.

Izigwebo

40. Umuntu olahlwe icala ngokwemigomo yalo Mthetho uzokhokha inhlawulo noma aboshwe isikhathi esingadlulile eminyakeni emihlanu noma abhekane nakho kokubili inhlawulo futhi aboshwe.

Izimiso zomthetho

41. UNgqongqoshe ngokuxoxisana neBhodi kanye nezikhungo eziqondene futhi ngokusebenzisa isaziso kuSomqulu, angamisa izimiso zomthetho eziphathelene—

(a) nokuqeqesha abasebenzi abasebenza ngolimi;

(b) ukulawula ukugunyazwa nokubhaliswa kwabasebenzi abasebenza ngolimi; noma

(c) ngokujwayelekile, udaba oluhambisana noma olungaphansi kodaba olufanele lunqunywe ukuze kusetshenziswe lo Mthetho ngendlela efanele.

Imibandela yesikhashana

42. (1) Kusukela esikhathini, esingadlulile eminyakeni emibili kusukela ngosuku lo Mthetho ozoqala ngalo ukusebenza, uMkhandlu ungabheka—

(a) umuntu oqashiwe noma owamukelwe uhlaka lweNkantolo ePhakeme njengomhumushi ogunyaziwe ngokulandela uMthetho wama-59 weMithetho yeNkantolo ePhakeme njengomsebenzi osebenza ngolimi ngokwalo Mthetho; futhi

(b) ukugunyazwa okwamukelwe noma ezinye izinhalngano ngaphambi kokuba kusungulwe uMkhandlu inqobo nje uma uMkhandlu ungaqhuba isivivinyo esifanele uma ubona kunesidingo.

(2) Akekho umuntu noma ibhizinisi okungelona loMkhandlu elingalawula, libhalise noma ligunyaze abasebenzi abasebenza ngolimi ngemuva kokuphela kwesikhathi esivezwe esigatshaneni soku-(1).

Isihloko esifingqiwe nokuqala ukusebenza koMthetho

43. Lo Mthetho ubizwa ngokuthi uMthetho woMkhandlu wabaSebenzi abaSebenza ngoLimi eNingizimu Afrika, wezi-2014, futhi uzoqala ukusebenza ngosuku olunqunywe uMongameli ngesimemezelo kuSomqulu.